

Ibhukwana Lezinyathelo Zokufundisa Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwa Uthisha

Shuter & Shooter
PIETERMARITZBURG • JOHANNESBURG • EAST LONDON • CAPE TOWN

Ababhali nabashicileli bayabonga ukunikwa imvume ngabanikazi bemisebenzi ukuba kusetshenziswe imisebenzi yabo kule ncwadi. Kwenziwa konke okusemandleni ukuthola bonke abanikazi bemisebenzi futhi abashicileli bangajabula ukuthola imininingwane engabasiza ukuze kulungiswe okusele nokungamaphutha uma incwadi isigaywa ngokulandelayo.



KUYICALA UKUFOTHOKHOPHA NOMA YILIPHI IKHASI KULE NCWADI NGAPHANDLE KWEMVUME EBHALWE PHANSI EVELA KUBASHICILELI

Shuter & Shooter Publishers (Pty) Ltd
Shuters Business Park, 45 Willowton Road, Willowton, Pietermaritzburg 3201, South Africa
PO Box 61, Mkondeni 3212, South Africa
http://www.shuters.co.za

Copyright © Shuter & Shooter Publishers (Pty) Ltd 2023

First edition 2023

OS1000827

This is an isiZulu reading series: Izinyathelo Zokufunda

Onke amalungelo agodliwe.
Akukho ngxenye yaleli bhuku engashicilelwa kabusha, igcinwe noma yenziwe esinye isimo, kungaba ngokufothokhopha, ukuqopha noma ngayiphi enye indlela ngaphandle kwemvume ebhalwe phansi yabashicileli. Lowo oyokwenza noma yini engagunyaziwe mayelana naleli bhuku uyobekwa icala noma ahlawuliswe kanzima.

Printed by Paarl Media *paarlmedia* , a division of Novus Holdings
xxxx

Uhlu lokuqukethwe

Isingeniso v

Umhlangano wokhetho 1

Kuyakhankaswa 10

Isifundo sokuvota 19

Usuku lokuvota 29

Iyozala nkomoni 39

Inkomo nesibaya 50

Isingeniso

Le incwajana eqondene ngqo nokusiza othisha ukuba bakwazi ukusebenzisa lolu chungechunge lwezincwadi **zesifundo sokufunda ngamaqembu** ezihlelwe ngokwamazinga okufunda. Kunezincwadi eziwuchungechunge oluluhlaza okwesibhakabhaka **ezisezingeni lesi-4** ezalaba bafundi **abasebangeni lesi-2**. Sizosiza othisha ngezifundo abazozilandela usuku nosuku ukusiza abafundi **abasebangeni lesi-2.** Enye yezimbangela eyenza kungaphumeleli ukufundisa ngamaqembu, ukungabi nesikhathi sokuhlela izifundo zesikhathi sokufunda ngamaqembu.

Nazi izinyathelo uthisha azozilandela uma enalezi zincwadi **ezisezingeni lesi-4.**

Isinyathelo sokuqala:

- Qiniseka ukuthi amaqembu uwathole ngokusebenzisa u -EGRA noma i-rubrikhi ukuwahlunga.
- Qikelela ukunikeza yilo nalowo mfundi ithuba lokuphendula noma ukufunda.
- Akekho umfundi okumele kuphele isikhathi engatholanga ithuba.

Isihloko: ‘Umhlangano wokhetho’ Izinga lesi-2

Yiba nekhadi elinesihloko sencwadi.

Umhlangano wokhetho

Yiba nalawa makhadi amagama amasha namagama asetshenzisiwe kaningi.

Amagama amasha	Amagama asetshenziswe kaningi
ngobuningi	
ampompoloze	
ukhetho	
engizolihola	
amalungelo	
ubuzwe	
inkolo	
bengenamvume	
isiqubulo	
umphakathi	
umbono	
amakhela	
bekikiza	
eyobikela	
siyokhankasa	
siqhudelane	
amavoti	
lezombusazwe	
sibuse	
ukhetho	

Esifundweni soku-1

- **Xoxa** ngekhava yencwadi.
- **Buze,** "Nibonani? Ingabe kunomhlangano yini? Uthini uKuku uma ucabanga?
- **Buza, "**Ingabe kusedolobheni, esikoleni noma ekhaya? Usho ngani?"
- **Yethula** isihloko sencwadi: **'Umhlangano wokhetho'**
- **Babonise ikhadi lesihloko:**

Umhlangano wokhetho

- **Buza, "Qagela** izokhuluma ngani lendaba? Kungani usho kanjalo?"

Vula ikhasi elilandelayo

- **Chaza,** "Le incwadi yokuqala kuleli zinga lesi -4, zikhona ezinye ezi-5 esizozifunda uma siqeda le.**"**

Vula ikhasi elilandelayo

- **Chaza,** Yabhalwa abakwa- Shuter & Shooter KwaZulu-Natal, incwadi yabhalwa ngo 2020 yaphinda yashicilelwa ngo 2021, babonise nenombolo yencwadi ISBN.

Vula ikhasi 1

- **Buza, "**Uthini uKuku? Kukuphi lapha futhi baxoxa ngani?"
- **Babonise** igama '**ngobuningi'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi kuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 2

- **Buza,** "Ingabe ubani loya ozayo? Ingabe uzothini uBathathe?"
- **Babonise** igama **'ampompoloze'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi 3

- **Buza,** "Ingabe ubani lo futhi ozayo? Qagela ukuthi uzothini uNono kuKuku? Qagela sekuzokwenzakalani uma ebona abangani?"

Vula ikhasi 4

- **Buza, "**Kwenzakalani manje? Ubani lo ozayo? Ingabe uthini uJakalase kubangani?"
- Qagela sekuzokwenzakalani uma ebona abangani?"

Vula ikhasi 5

- **Buza,** "Bathini manje? Sengathi uKuku ukhuluma nabo, ingabe uthini? Qagelani sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** igama **'ukhetho'** chaza kusho ukuthini.
-

Vula ikhasi 6 ne-7

- **Buza,** "Ingabe ubachazela ini uKuku? Baxoxa ngani? Nangu uKuku ephakamisa isindla ingabe uyahambisana nalokhu okushiwo uKuku?
- **Babonise** igama **'engizolihola'** chaza kusho ukuthini**.**
- **Yisho,** "Sizogcina la namhlanje siyoqhubeka ngesikhathi esilandelayo."

Basize bakwazi ukwakha ulwazimagama.

Umsebenzi

Bhala ulwazimagama nencazelo efanele kusichazamazwi	
ngobuningi	Bonke abantu
ampompoloze	Amemeza kakhulu
ukhetho	Umcimbi wokunquma ukuthi ubani ozophatha izwe
engizolihola	Engizohamba phambili ngikhombe indlela

Esifundweni sesi-2

- Bakhumbuze ngesihloko sencwadi '**Umhlangano wokhetho'.**
- **Buza,** "Konje bekwenzakalani la sigcine khona?"
- **Babonise** la nagcina khona.

Vula ikhasi 6 ne-7

- **Buza, "**Bebekhuluma ngani abangani la? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi-8 no 9

- **Buza,** "Ingabe umbuza ukuthini uBathathe? Ingabe ukuthini uJakalase kuKuku uma ucabanga isihloko? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** igama '**amalungelo, inkolo, ubuzwe, bengenamvume'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi- 10 ne-11

- **Buza,** "Wenzani uKuku? Ingabe uthini kubo?"
- **Babonise** igama '**isiqubulo'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi- 12 ne- 13

- **Buza, "**Kwenzakalani manje? Ingabe sebeyahamba noma bayabuya? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** amagama '**umphakathi** chaza kusho ukuthini.

Ikhasi- 14 no 15

- **Buza**, "Kwenzekani lapha? Uthini uKuku manje? Ingabe sekungumhlangano njengoba kusho isihloko sendaba?"
- **Babonise** amagama '**umbono, amakhwela , bekikiza'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 16 no -17

- **Buza,** "Ucabanga ukuthi bayaphi manje? Ingabe baya emakhaya abo? Ingabe uthini uKuku kubantwana bakhe? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** amagama '**eyobikela, siyokhankasa'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi 18 no -19

- **Buza,** "Ingabe babuye nezindaba ezithini uNono noBathathe? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** amagama '**siqhudelane, amavoti, lezombusazwe'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi 20

- **Buza,** "Kwenzekani manje? Ingabe uthini uJakalase njengoba efika ekhaya?"
- **Babonise** amagama **'sibuse, ukhetho'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 21

- **Buza,** "Kwenzekani manje? Hayi bo! Ezani lezi zigqoko nezikhafu? Injani imibala yazo? Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Yisho, "Siyoqhubeka ngesikhathi esizayo sizwe ukuthi indaba yaphela kanjani."

Basize bakwazi ukwakha ulwazimagama.

Umsebenzi

Bhala ulwazimagama nencazelo efanele kusichazamazwi	
amalungelo	Ukwenza izinto ukulungiselela into ethile
ubuzwe	Abantu abazalwe ndawonye
inkolo	Ukukholelwa entweni ethile
bengenamvume	Bengenayo incwadi yomthetho ebavumela ukwenza into ethile
isiqubulo	Into eshiwoyo engumculo ohambisana nesigqi
umphakathi	Abantu abahlala ndawonye
umbono	Umcabango oza nomunye umuntu
amakhwela	Ukuvuthela umoya ngomlomo wenze umsindo othile
bekikiza	Ukwenza umsindo ubonisa ukujabula
eyobikela	eyobazisa
siyokhankasa	Ukufuna abantu bakuvotele
siqhudelane	Ukuqophisana nabanye abantu
amavoti	Abantu abakukhethile
lezombusazwe	Ukuphathwa kwezwe
sibuse	Siphathe izwe
ukhetho	Uhlelo lokukhetha umuntu ozobusa ezweni

Esifundweni sesi-3

- **Kufundwa** incwadi namuhla.
- **Bakhumbuze** isihloko sendaba **'Umhlangano wokhetho'.**
- **Bafundele** isihloko sencwadi.

Vula ikhasi 1

- Bafundele imisho emi-3
- **Buza, "**Ingabe owani lomhlangano omenyezelwa uKuku? Ucabanga ukuthi bazoza yini abantu kulomhlangano?
- **Akufunde omunye umfundi imisho emibili.**
- **Buza, "**Kusho ukuthini ukuphuma ngobuningi? Ucabanga ukuthi kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 2

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3**
- **Buza, "**Wayememeza ngasikhathi sini uKuku? Ingabe baphumule noma kusho ukuthini ukucambalala?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Ucasulwa yini uBathathe?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukumpongoloza?"

Vula ikhasi 3

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza**, "Ingabe wayephelelwe ubuthongo yini uKuku njengoba kusho uNono?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza**, "Ingabe bebekuphi noKuku izolo?
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Ingabe wayeyicabange nini uKuku lento yokubiza umhlangano? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 4

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza**, "Ukhalelani uJakalase?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza**, "Kungani sebehlalela ovalweni? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 5

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza**, "Ingabe kwenziwa yini ukuthi ehle enyuka phambi kwabo?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Kusho ukuthini ukuvula wonke amehlo?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza**, "Ucabanga ukuthi wayeyaphi uJakalase? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 6

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza**, "Usho iqembu elibusa ini uKuku?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza**, "Yini iziza abazisikayo?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Bayifakelani imali emaphaketheni? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"


Vula ikhasi 7

- **Akufunde omunye umfundi umusho emi-2**
- **Buza**, "Ucabanga ukuthi uNono uyawemukela yini lombono kaKuku?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Kuyini lokhu ahlala ekubona kwezinye izindawo? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"
- **Yisho, "**Siyoqhubeka ngesikhathi esilandelayo."


Basize ngesu leminwe emihlanu uma behlangana negama abangalazi.



Isithupha – Shiya igama ongalazi bese ufunda umusho wonke.




Umunwe wokukhomba – Buka isithombe kanye nesihloko.



Umunwe ophakathi – Zibuze; ikhona ingxenye yegama ongakwazi ukuyifunda.



Umunwe wendandatho – Phimisa igama ngokwemisindo.



Ucikicane – Buza uthisha wakho ukuthi igama lisho ukuthini.

Esifundweni sesi-4

- Bakhumbuze isihloko sencwadi '**Umhlangano wokhetho**' nesu **leminwe emihlanu**.

Vula ikhasi 7

- **Buza,** "Sigcine kwenzakalani? Olwani ukhetho abakhuluma ngalo la? Qagelani ukuthi sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 8

- **Akufunde omunye umfundi owodwa.**
- **Buza**, "Uhlakaniphe ngani uKuku?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3 elandelayo.**
- **Buza**, "Izosiza ngani lento kaKuku?
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Ingabe babukelana phansi ngani abantu? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 9

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza**, "Kusho ukuthini ukuthi elethu?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza**, "Waphawula wathini uJakalase?
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Abanjani abantu abangena bengenazimvume? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 10

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza,** "Ingabe azothini amagama amaqembu abo?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza,** "Kukhona isiqubulo osaziyo?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Ukucabanga kanjani ukucabanga ujule? Qagela ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 11

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Hawu! Usecabangile njalo uBathathe?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza,** "Kungani esheshe kangaka uBathathe? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Yisho, "**Siyoqhubeka ngesikhathi esilandelayo."

Basize ngokukwazi ukuphendula imibuzo mayelana nendaba.

Sithini isihloko sendaba? Umhlangano wokhetho.

Sithini isisusa sendaba? UKuku wayefuna izwe eliphethwe ukuze kube nemithetho.

Ubani umlingiswa osemqoka? uKuku

Yenzeka nini lendaba? Ngenkathi eyadlula- ekuseni.

Umsebenzi

Phendula imibuzo emayelana nendaba.

Imibuzo	Izimpendulo
Sithini isihloko sendaba?	
Sithini isisusa sendaba?	
Ubani umlingiswa osemqoka?	
Yenzeka nini lendaba?	

Esifundweni sesi-5

- Bakhumbuze isihloko sencwadi '**Umhlangano wokhetho** nesu **leminwe emihlanu**.

Vula ikhasi 11

- **Buza,** "Sigcine kwenzakalani? Lalithini igama leqembu likaBathathe? Qagelani ukuthi sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 12

- **Bafundele** imisho emi-2.
- **Buza**, "Libizwa ngokuthiwani iqembu likaNono? Imibala yalo injani?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Wayehlala ephupha ngani uNono?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Yini eyayihlezi emqondweni kaNono? Ucabanga ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 13

- **Akufunde omunye umfundi** imisho emi-2.
- **Buza,** "Lithini igama leqembu likaJakalase? Injani imibala yeqembu lakhe?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Kungani uJakalase ebuza elikaKuku iqembu?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Kungani kufanele basheshise? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 14

- **Akufunde omunye umfundi** imisho emi-2.
- **Buza,** "Lithi igama leqembu likaKuku? Ithini imibala yalo?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Kungani uKuku aqhamuka nombono wokubiza umhlangano? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 15

- **Akufunde omunye umfundi** imisho emi-2.
- **Buza,** "Kukhona isiqubulo osaziyo?" Sisho!
- **Akufunde omunye umfundi** imisho emi-2.
- **Buza,** "Kungani kumnandi kudelile kulezi zilwane? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 16

- **Akufunde omunye umfundi** umusho owodwa.
- **Buza,** "Bayobabikela ukuthini abantwana babo?"
- **Akufunde omunye umfundi** umusho owodwa.
- **Buza,** "Eyani lenjabulo abanayo? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 17

- **Akufunde omunye umfundi** imisho emi-2.
- **Buza,** "Ingabe bazovuma yini abantwana ukusiza uKuku?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza,** "Ingabe bavuma ukuphatha isizwe? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 18

- **Akufunde omunye umfundi** imisho emi-3.
- **Buza,** "Kungani efuna ukukhankasa uNono?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi wayebabonaphi uKipi abantu abakhankasayo? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 19

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza,** "Zithini izindaba ezinhle eziphethwe uBathathe?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza,** "Ingabe bazowafuna kanjani amavoti?"
- **Akufunde omunye umfundi** imisho emi-2.
- **Buza,** "Bazomemeza bathini? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 20

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-4.**
- **Buza,** "Iqembu loJakalase lalingeke yini libe nabanye abantu?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza,** "Kungani befuna amavoti?"
- **Akufunde omunye umfundi** umusho olandelayo.
- **Buza,** "Wazi ngani ukuthi bazoluthatha ukhetho? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 21

- **Akufunde omunye umfundi umusho 1.**
- **Buza,** "Babezozigqoka kuphi lezi zingubo?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**

- **Buza,** "Bazobahlukanisa kanjani ngamaqembu?"
- **Akufunde omunye umfundi** umusho olandelayo.
- **Buza,** "Kungani kufanele bagqoke iphelele imibala yabo? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 22

- **Akufunde omunye umfundi umusho 1.**
- **Buza,** "Ukwenzani ukushabasheka? Babelungiselela ini?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho elandelayo.**
- **Buza,** "Ingabe babezitholephi izingubo zamaqembu abo?"
- **Akufunde omunye umfundi** imisho emi-2.
- **Buza,** "Wawunjani umbala weqembu likaNono?"
- **Akufunde omunye umfundi** umusho olandelayo.
- **Buza,** "Wawunjani umbala weqembu likaJakalase?"
- **Yisho,** "Sizogcina la namuhla. Siyoqhubeka ngesikhathi esizayo sidlale umdlalo ngendaba."

Basize abafundi bakwazi ukuphendula imibuzo yesifundo sokuqondisisa.

1. **Kwakungowani umhlangano owawumenyezelwa uKuku?** Umhlangano wokhetho.
2. **Ikhuluma ngani le ncwadi?** Ngomhlangano wokuqala amaqembu ezombusazwe.
3. **Kwakuzosiza ngani ukukhetha abazophatha?** Kwakuzoba nemithetho ezweni nabantu ababuya ngaphandle bangene ngemvume.
4. **Mangaki lamaqembu esewonke?** Amaqembu amane.
5. **Iliphi ocabanga ukuthi lizophumelela, usho ngani?** ElikaKuku lizophumelela, ngoba uyena obe nalombono.

Umsebenzi

Phendula imibuzo emayelana nendaba.

Imibuzo	Izimpendulo
1. Kwakungowani umhlangano owawumenyezelwa uKuku?	
2. Ikhuluma ngani le ncwadi?	
3. Kwakuzosiza ngani ukukhetha abazophatha?	
4. Mangaki lamaqembu esewonke?	
5. Iliphi ocabanga ukuthi lizophumelela, usho ngani?	

Esifundweni sesi-6

Bakhumbuze isihloko sendaba kanye nokulandelana kwezigameko.

- **Yisho,** "Namuhla kudlalwa umdlalo ngendaba."
- **Buza**, "Obani abazoba abalingiswa?" uJakalase, UNono, uKuku, noBathathe?"
- **Buza,** "Obani abazoba abantwana bakaKuku, bakaNono, bakaBathathe nabakaJakalase?"
- **Buza**, "Ubani ozoxoxa indaba?"
- **Yisho,** "Abanye basiza abalingiswa."

Awuqaleke umdlalo. Basize uma bengasakhumbuli ukulandelana kwezigameko.

Umsebenzi

Phendula imibuzo elandelayo.

Imibuzo	Izimpendulo
Ubani umlingiswa osemqoka?	
Sifundo sini esisithola kulendaba?	
Obani abanye abalingiswa?	
Kuyini isisusa sendaba?	
Yini isiphetho sendaba?	
Sithini isihloko sendaba?	

Isihloko sencwadi ‘Kuyakhankaswa’. Izinga lesi-2

Ukulungiselela isifundo

Yiba nekhadi elinesihloko sencwadi.

Kuyakhankaswa

Yiba nalawa makhadi amagama amasha namagama asetshenzisiwe kaningi.

Amagama amasha	Amagama asetshenziswe kaningi
inkundla	uNono
ichichima	uKuku
bayothulela	uBathathe
kuyaxokozela	uJakalase
amakhwela	iqembu
isasasa	imibala
bededelana	inkundla
bekhasa phansi	umphakathi
ushintsho	nivotele
kwaduma	
nginovalo	
balibangise	
Sifinqe inqindi	
sebeluthathile	
ababezethemba	
uyintandokazi	
ubuqili	
ubuthaphuthaphu	

Esifundweni soku-1

- **Xoxa** ngekhava yencwadi.
- **Buza,** "Nibonani? Kwenzekani? Ingabe umhlangano wokhetho? Nisayikhumbula incwadi yokuqala esiyifundile? Beyikhuluma ngani?"
- **Yethula** isihloko sencwadi: **'Kuyakhankaswa'.**
- **Babonise ikhadi lesihloko:**

Kuyakhankaswa

- **Buza,** "Qagela izokhuluma ngani lendaba? Kungani usho kanjalo?"

Vula ikhasi elilandelayo

- **Chaza,** "Le incwadi yesibili kuleli zinga lesi -4, zikhona ezinye ezi-4 esizozifunda uma siqeda le."

Vula ikhasi elilandelayo

- **Chaza,** Yabhalwa abakwa- Shuter & Shooter KwaZulu-Natal, incwadi yabhalwa ngo 2020, babonise nenombolo yencwadi ISBN.

Vula ikhasi 1

- **Buza,** "Kukuphi la? Zenzani izilwane lapha? Ucabanga ukuthi zizokwenzani izilwane la uma ucabanga isihloko sencwadi?"
- **Babonise** amagama '**inkundla, ichichima**' chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Qagela ukuthi sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 2

- **Buza,** "Hawu ubani lo osebhasini! Ingabe uKuku nezingane zakhe bayaphi? Ingabe ligcwele ibhasi?"
- **Babonise** amagama **'bayothulela, kuyaxokozela'** chaza kusho ukuthini.

Vula Ikhasi 3

- **Buza,** "Ingabe bazokwenzani oKuku nabantwana bakhe? Ucabanga ukuthi sekuyiqembu lakhe leli uKuku? Qagelani sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 4

- **Buza,** "Wenzani manje uKuku? Ingabe uthini kulezi zilwane ezihlangene la? Ingabe ubatshela ngeqembu lakhe abekhuluma ngalo encwadini esiyifundile?"
- **Babonise** igama **'amakhwela'** chaza ukuthi kuyini.

Vula ikhasi 5

- **Buza,** "Ingabe sebeyaphi manje oKuku? Ucabanga ukuthi bakhathele yini?"
- Qagelani sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 6

- **Buza:** "Hayi bo! Ubonani la? Obani laba, yini iqembu labo? Qagelani sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** igama **'isasasa'** chaza kusho ukuthini**.**

Vula ikhasi 7

- **Buza,** "Liyaphi manje ibhasi namakati? Ucabanga ukuthi baya lapha kukade kukhona khona oKuku? Qagela ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Yisho,** "Sizogcina la namhlanje siyoqhubeka ngesikhathi esilandelayo."

Basize bakwazi ukwakha ulwazimagama.

Umsebenzi

Bhala ulwazimagama nencazelo efanele kusichazamazwi	
inkundla	Indawo eyakhelwe umdlalo othile
ichichima	igcwele
bayothulela	Bayokhuluma nabantu
kuyaxokozela	Bayakhuluma bonke kanyekanye
amakhwela	Umsindo owenziwa umlomo
isasasa	Injabulo enkulu

Esifundweni sesi-2

- Bakhumbuze ngesihloko sencwadi **'Kuyakhankaswa'**.
- **Buza,** "Konje bekwenzakalani la sigcine khona?"
- **Babonise** la nagcina khona.

Vula ikhasi 7

- **Buza,** "Konje bebeyaphi oNono nabantwana bakhe? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 8 ne-9

- **Buza,** "Obani laba? Kwenzakalani manje la? Ingabe usethini uNono njengoba ephakamisa ifulegi? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** amagama '**bededelana, bekhasa phansi, ushintsho'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi 10

- **Buza,** "Ingabe usethini manje uNono? Yini igama leqembu lakhe?"
- **Babonise** igama **'kwaduma'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi 11

- **Buza,** "Ingabe sebeqedile? Babukeka benjani oNono nabantwana bakhe? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 12 ne-13

- **Buza**, "Kwenzekani lapha? Iliphi iqembu likaBathathe? Hayi bo! Wenzani uBathathe manje? Ingabe sebeyaphi manje ngebhasi? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** amagama '**nginovalo, balibangise'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi 14 ne-15

- **Buza,** "Ucabanga ukuthi bakuphi futhi benzani? Ingabe wenzani uBathathe? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** amagama '**sifinqe, inqindi'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi 16 ne-17

- **Buza,** "Ingabe uthini uBathathe? Yini iqembu lakhe? Bheka sebesebhasini, Bayaphi manje?
- **Babonise** amagama '**sebeluthathile, ababezethemba'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 18

- **Buza,** "Kwenzekani manje? Ingabe elikabani namuhla iqembu elihlanganayo? Lithini igama leqembu likaJakalase?"
- **Buza,** "Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 19

- **Buza,** "Kwenzekani manje? Ingabe bayadansa? Lithini iculo?"
- **Babonise** igama **'uyintandokazi'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 20 ne-21

- **Buza,** "Kwenzekani manje? Ingabe uthini uJakalase? Ucabanga ukuthi uzophumelela yini uJakalase neqembu lakhe?"
- **Babonise** amagama **'ushintsho, ubuqili, ubuthaphuthaphu'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Yisho, "Siyoqhubeka ngesikhathi esizayo sizwe ukuthi indaba yaphela kanjani."

Basize bakwazi ukwakha ulwazimagama.

Umsebenzi

Bhala ulwazimagama nencazelo efanele kusichazamazwi	
bededelana	Benikana amathuba
bekhasa phansi	Beshosha phansi
ushintsho	inguquko
kwaduma	Kwaba nomsindo
nginovalo	ukwethuka
balibangise	Bahamba baya
Sifinqe inqindi	Sigoqe isibhakela
sebeluthathile	sebewinile
ababezethemba	Ukuba nesibindi
uyintandokazi	Babemthanda kakhulu
ubuqili	ubugebengu
ubuthaphuthaphu	Ukuthatha yonke into

Esifundweni sesi-3

Kufundwa incwadi namuhla.

- **Bakhumbuze** isihloko sendaba **'Kuyakhankaswa'.**
- **Bafundele** isihloko sencwadi.

Vula ikhasi-1

- Bafundele imisho emi-2
- **Buza,** "Ingabe ubaphatheleni uKuku?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukugcwala kuchichime?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Babeyaphi bonke laba bantu? Ucabanga ukuthi kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 2

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza, "**Ucabanga ukuthi bazothi bazowenzelani umphakathi?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukuxokozela?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Uqhuma kanjani umculo phezulu? Ucabanga ukuthi kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 3

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza**, "Ucabanga ukuthi babethini abasenkundleni?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Konje lithini igama leqembu likaKuku?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza**, "Ucabanga ukuthi wayeziphakamiselani izandla uKuku? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 4

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza**, "Ingabe ithini inkulumo kaKuku?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Kungani beshaya amakhwela namavuvuzela?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Ingabe bavuma ini bonke enkundleni? Qagela ukuthi yini eyayenzeka ngaphandle?"

Vula ikhasi 5

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza**, "Babekhathazwe yini?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza**, "Babeyaphi ngebhasi?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Wayekade enzani uKuku njengoba ekhathele? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 6

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza**, "Kwakuyini igama leqembu likaNono?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Kwakuyini le ababeyokhulumisana ngayo nabantu?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza**, "Liyaphi ibhasi elipipizayo?"


Vula ikhasi 7

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza**, "Bayokwenzani ezinkundleni zemidlalo?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Babejabuliswa yini?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza**, "Wawuthini umculo owawubajabulisa? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"


Basize ngesu leminwe emihlanu uma behlangana negama abangalazi.



Isithupha – Shiya igama ongalazi bese ufunda umusho wonke.




Umunwe wokukhomba – Buka isithombe kanye nesihloko.



Umunwe ophakathi – Zibuze; ikhona ingxenye yegama ongakwazi ukuyifunda.



Umunwe wendandatho – Phimisa igama ngokwemisindo.



Ucikicane – Buza uthisha wakho ukuthi igama lisho ukuthini.

Esifundweni sesi-4

- Bakhumbuze isihloko sencwadi '**Kuyakhankaswa** nesu **leminwe emihlanu.**

Vula ikhasi 7

- **Buza,** "Sigcine kwenzakalani? Obani ababehamba ngaleli bhasi futhi babeyaphi? Qagelani ukuthi sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 8

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza**, "Kanti ingabe babeze emculweni noma emkhankasweni?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza**, "Ingabe bazoqala nini ukukhankasa? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 9

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza,** "Wake wabezwa kuphi abantu bethi 'Amandla!' njengoNono?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza,** "Ingabe olwani ushintsho ababezoluletha?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Wena uyaluthanda yini ushintsho? Uluthandelani?"

Vula ikhasi 10

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza**, "Unjani umbala weqembu likaNono?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3 elandelayo.**
- **Buza**, "Yayidunyiswa yini inkundla yonke? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 11

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza, "**Babekhathazwe yini oNono?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo**.
- **Buza, "**Yibuphi lobu bumnandi ababexoxa ngabo?"
- **Yisho,** "Siyoqhubeka ngesikhathi esilandelayo sizwe ukuthi yaqhubeka kanjani indaba?"

Basize bakwazi ukuphendula imibuzo emayelana nendaba.

Sithini isihloko sendaba? Kuyakhankaswa.

Sithini isisusa sendaba? uKuku wayenombono wokuthi kube nokhetho ukuze bahlale kahle emphakathini.

Ubani umlingiswa osemqoka? UKuku.

Yenzeka nini lendaba? Ngenkathi eyadlula, amalanga amane ahlukene.

Umsebenzi

Phendula imibuzo emayelana nendaba.

Imibuzo	Izimpendulo
Sithini isihloko sendaba?	
Sithini isisusa sendaba?	
Ubani umlingiswa osemqoka?	
Yenzeka nini lendaba?	

Esifundweni sesi-5

- Bakhumbuze isihloko sencwadi **'Kuyakhankaswa'** nesu **leminwe emihlanu.**

Vula ikhasi 11

- **Buza,** "Sigcine kwenzakalani? Elikabani iqembu elalikhankasa? Qagelani ukuthi sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 12

- **Bafundele** imisho emi-2
- **Buza**, "Babesabani abantwana bakaBathathe?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Wayebuzelani lombuzo uBubu?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho elandelayo.**
- **Buza,** "Wayezizwa enjani uBubu? Ucabanga ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 13

- **Akufunde omunye umfundi** umusho owodwa.
- **Buza,** "Bayaphi oBathathe nabantwana bakhe?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Bayokwenzani enkundleni yezemidlalo?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3 elandelayo.**
- **Buza,** "Ayethini amaculo nezaga uma ucabanga? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 14

- **Akufunde omunye umfundi** umusho owodwa.
- **Buza,** "Lithini igama leqembu likaBathathe?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Kungani bedansa?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Ubani owayebayalile?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho elandelayo.**
- **Buza,** "Ingabe yayimenywe ubani ibhendi?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Wawuthini lomculo? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 15

- **Akufunde omunye umfundi** umusho owodwa.
- **Buza,** "Ingabe bazothini kuBathathe?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho elandelayo.**
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi wayethini njengoba ephakamise inqindi?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza,** "Babekikizelani manje?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho elandelayo.**
- **Buza,** "Wayejabuliswa yini uBathathe? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 16

- **Akufunde omunye umfundi** umusho.
- **Buza,** "Bathini enkundleni uma ucabanga?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Wayethini uBathathe ngesibindi?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza,** "Ukwenzani ukumbongela? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 17

- **Akufunde omunye umfundi** umusho owodwa.
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukuthi okungapheli kuyahlola?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza,** "Kungani bengakhathalanga oBathathe?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza,** "Yini eyayimangalisa? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 18

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza,** "Kwakungolwani lolusuku kuJakalase?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Kungani kuyiqembu lokugcina leli?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Obani laba bangani bakhe abase beqedile? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 19

- **Akufunde omunye umfundi** imisho emi-3.
- **Buza,** "Ubani obukeka eyintandokazi kubantu bakhe?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza,** "Babembhekeleni ngamehlo abomvu? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 20

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza,** "Ubani uMatinyela?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Obani lobu buqili akhuluma ngabo uJakalase?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza,** "Kungani kufanele balivotele leli qembu?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Iliphi iphutha abayolenza? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 21

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza,** "Iluphi ushintsho ayezolenza uJakalase?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Yini ayezoyiqeda uJakalase uma esephethe?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza,** "Uthi iliphi iqembu elalizobuyisa ubuhle bezwe? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo? Ingabe izophela kanjani indaba?"

Vula ikhasi 22

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza,** "Babenzani ukubonisa ukujabula?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza,** "Ubani ozokwehla esitobhini sokugcina?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Ingabe babezolala yini noma bazocula ubusuku bonke?"
- **Yisho,** "Sizogcina la namuhla. Siyoqhubeka ngesikhathi esizayo sidlale umdlalo ngendaba."

Basize abafundi bakwazi ukuphendula imibuzo yesifundo sokuqondisisa.

1. **Ubani owakhankasa kuqala?** UBathathe
2. **Lithini igama leqembu likaJakalase?** Matinyela.
3. **Babehamba ngani ukuya enkundleni?** Babehamba ngamabhasi.
4. **Kuyini ukukhankasa?** Ukuchazela abantu izinto ozozenza ukuze bakuvotele.
5. **Kungani uKuku ayefuna kube neqembu eliphethe?** Ukuze kube nokuthula nentuthuko emphakathini.

Umsebenzi

Phendula imibuzo emayelana nendaba.

Imibuzo	Izimpendulo
1. Ubani owakhankasa kuqala?	
2. Lithini igama leqembu likaJakalase?	
3. Babehamba ngani ukuya enkundleni?	
4. Kuyini ukukhankasa?	
5. Kungani uKuku ayefuna kube neqembu eliphethe?	

Esifundweni sesi-6

Bakhumbuze isihloko sendaba kanye nokulandelana kwezigameko.

- **Yisho,** "Namuhla kudlalwa umdlalo ngendaba."
- **Buza**, "Obani abazoba abalingiswa, uKuku, noBathathe, uNono noJakalase?"
- **Buza,** "Ubani ozoba abantwana babo?"
- **Buza**, "Ubani ozoxoxa indaba?"
- **Yisho,** "Abanye basiza abalingiswa."

Awuqaleke umdlalo. Basize uma bengasakhumbuli ukulandelana kwezigameko.

Umsebenzi

Phendula imibuzo elandelayo.

Imibuzo	Izimpendulo
Ubani umlingiswa osemqoka?	
Sifundo sini esisithola kulendaba?	
Obani abanye abalingiswa?	
Yini isisusa sendaba?	
Yini isiphetho sendaba?	
Sithini isihloko sendaba?	

Ukulungiselela isifundo

Yiba nekhadi elinesihloko sencwadi.

Isifundo sokuvota

Yiba nalawa makhadi amagama amasha namagama asetshenzisiwe kaningi.

Amagama amasha	Amagama asetshenziswe kaningi
amabhodi	ukuvota
amemezela	isifundo
ukhetho	izinhlangano
esikhungwini	ukhetho
likamasipala	uKuku
olubanzi	
lezinhlangano	
egunjini	
liyimfihlo	
uphawu	
esikhaleni	
likapakele	
u-inki	
esithupheni	
abaphathi ziteshi	
ukhetho	
kwavungama	
umfaniswano	
unelungelo	
isihlobo	
bewuthamele	
begculisekile	
izithunywa	
umxhwele	
bapakisha	
Indaba isematheni	
amaqoqwana	

Esifundweni soku-1

- **Xoxa** ngekhava yencwadi.
- **Buza,** "Nibonani? Kwenzekani? Ingabe ubani lo ohlezi nabantu? Nisayikhumbula incwadi yesi-2 esiyifundile? Obani ababekhankasa?"
- **Chaza,** "Lencwadi iyaqhubeka kule yesibili esiyifundile."
- **Yethula** isihloko sencwadi: **'Isifundo sokuvota'.**
- **Babonise ikhadi lesihloko:**

Isifundo sokuvota

- **Buza,** "Qagela izokhuluma ngani lencwadi? Kungani usho kanjalo?"

Vula ikhasi elilandelayo

- **Chaza,** "Le incwadi yesi-3 kuleli zinga lesi -4, zikhona ezinye ezi-3 esizozifunda uma siqeda le."

Vula ikhasi elilandelayo

- **Chaza,** "Yabhalwa abakwa- Shuter & Shooter KwaZulu-Natal, incwadi yabhalwa ngo 2020 babonise nenombolo yencwadi ISBN."
-

Vula ikhasi 1

- **Buza, "**Kungani kuzoba nezifundo zokuvota? Ubani le ndoda?"
- **Babonise** amagama '**amabhodi, amemezela'** chaza ukuthi kusho ukuthini.
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 2

- **Buza,** "Ubani lo? Ucabanga ukuthi uzothini uKuku uma ebona lephosta? Qagela kuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** igama **'ukhetho'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi 3

- **Buza,** "Hawu! Ubani lo? Ingabe uzothini uBathathe uma ebona lephosta? Qagelani sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 4 ne-5

- **Buza, "**Konje obani laba? Ingabe bazothini uNono noJakalase uma bebona lephosta? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula Ikhasi 6

- **Buza,** "Ubani le ndoda esesangweni? Ingabe ifunani? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** igama **'esikhungwini, likamasipala'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi 7

- **Buza,** "Abantu abaningi kangaka, bafunani? Kukuphi la uma ucabanga? Qagela ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** igama **'olubanzi'** chaza kusho ukuthini.
- **Yisho,** "Sizogcina la namhlanje siyoqhubeka ngesikhathi esilandelayo."

Basize bakwazi ukwakha ulwazimagama.

Umsebenzi

Bhala ulwazimagama nencazelo efanele kusichazamazwi	
amabhodi	Izingqwembe okubhalwa kuzo umlayezo
amemezela	Ukudlulisa umlayezo
ukhetho	Ilapho abantu bekhetha iqembu lezombusazwe elizophatha izwe
esikhungwini	Isikhungo esithile
likamasipala	Uhulumeni ophethe endaweni encane
olubanzi	oluningi

Esifundweni sesi-2

- Bakhumbuze ngesihloko sencwadi '**Isifundo sokuvota!**
- **Buza,** "Konje bekwenzakalani la sigcine khona?"
- **Babonise** la nigcina khona.

Vula ikhasi 7

- **Buza,** "Konje bebezokwenzani laba bantu la ehholo? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 8

- **Buza,** "Hayi bo! Iphetheni lendoda? Ubani owake wayibona ibhalothi phepha? Kukhona ini kuyo"
- **Babonise** igama '**ezinhlangano'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi 9

- **Buza,** "Kwenzakalani manje? Wenzani lomama? Ingabe ufundisa ukuthini? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** amagama '**egunjini, liyimfihlo'** chaza kuyini.

Vula ikhasi- 10

- **Buza,** "Ingabe ifundisa ngani lendoda? Lusho ukuthini uphawu lwesiphambano?"
- **Babonise** amagama **'uphawu, esikhaleni, likapakele'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi- 11

- **Buza, "**Ingabe ifundisa ngani lentombazane? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** amagama '**inki, esithupheni'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi- 12

- **Buza**, "Kwenzekani lapha? Ingabe ifundisa ngani lendoda? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** amagama '**abaphathi ziteshi, ukhetho'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi 13

- **Buza,** "Hayi bo! Nangu uKuku ephakamisa isandla, ingabe uyaphawula noma uyabuza? Konje naye uneqembu lakhe? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** amagama **'kwavungama, umfaniswano'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi 15

- **Buza,** "Hayi bo! Nangu noJakalase ephakamisa isandla? Ingabe uzobuza ini yena?
- **Babonise** igama **'unelungelo'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 16

- **Buza,** "Kwenzakalani la? Ingabe isifundisa ini lendoda manje? Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 17

- **Buza,** "Kwenzakalani la? Ingabe babuza umbuzo othini manje? Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** igama **'isihlobo'** chaza kuyini.

Vula ikhasi 18

- **Buza,** "Kwenzekani manje? Ithini lendoda ngokuvota?
- **Buza,** "Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 19

- **Buza,** "Kwenzakalani la? Sebeyaphi manje abantu? Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** amagama '**bewuthamele, begculisekile, izithunywa'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi 20

- **Buza,** "Sewuphelile yini umhlangano wezifundo? Ingabe banelisekile ngezifundo abazenzile?"
- **Babonise** igama **'bahlabeke umxhwele, bapakisha'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 21

- **Buza,** "Kwenzekani manje? Ingabe sekungumhlangano wezilwane yini? Bakhuluma ngani?"
- **Babonise** amagama '**indaba esematheni, amaqoqwana'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Yisho, "Siyoqhubeka ngesikhathi esizayo sizwe ukuthi indaba yaphela kanjani."

Basize bakwazi ukwakha ulwazimagama.

Umsebenzi

Bhala ulwazimagama nencazelo efanele kusichazamazwi	
lezinhlangano	Amaqembu ezombusazwe
egunjini	ekameleni
liyimfihlo	Into efihliwe
uphawu	isayini
esikhaleni	Indawo evulekile
likapakele	lichithekele
u-inki	Into yokubhala
esithupheni	Umunwe omkhulu wesihlanu
abaphathi ziteshi	Abaphathi bendawo okuvotelwa kuyo
ukhetho	Ukukhetha iqembu olifunayo
kwavungama	Bakhuluma bonke kanyekanye
umfaniswano	Izimpahla ezifanayo
unelungelo	unemvume
isihlobo	Umuntu ozalwa naye emndenini
bewuthamele	Belalele
begculisekile	benelisekile
izithunywa	Umuntu othunyiwe
umxhwele	ukuchazeka
bapakisha	Ukufaka izinto ohamba nazo
Indaba isematheni	Indaba okukhulunywa ngayo
amaqoqwana	Amaqoqo amancane

Esifundweni sesi-3

- **Kufundwa** incwadi **namuhla.**
- **Bakhumbuze** isihloko sendaba **'Isifundo sokuvota'**
- **Bafundele** isihloko sencwadi.

Vula ikhasi-1

- Bafundele imisho emi-2.
- **Buza, "**Awani lamaphosta afakwa indoda? Ingabe kwakuzovotelwa ini? Kukuphi la kunabantu khona abaningi uma ucabanga?"

Vula ikhasi 2

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza,** "Ingabe umeleni uKuku eduze kwephosta?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza,** "Yini eyayizokwenzeka?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza,** "Yini edingwa abantu ukuthi bayifunde?"

Vula ikhasi 3

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza**, "Esani lesi simemo esifundwa uBathathe?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Kuyini okumjabulisayo?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza**, "Kusho ukuthini ukulangazelela? Yini ebilangazelelwa uBathathe? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 4

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza**, "Ingabe yini le enhle ebonwa uNono?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Olwani lolu suku olufiswa uNono?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza**, "Wayezobhala ini uNono? Qagela ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 5

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza**, "Ucabanga ukuthi uzothini yena uJakalase?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Ingabe usho muphi umuqondo uJakalase?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3 elandelayo.**
- **Buza**, "Kungani uJakalase ethi kufanele kungasali noyedwa umuntu ngalolu suku? Usho luphi usuku? Qagela ukuthi sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 6

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa**
- **Buza**, "Ingabe izokwenzani lendoda yesikhungu esizimele sokusingatha ukhetho? Ingabe sekulusuku lokhetho yini?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza**, "Ingabe awani lama bhodi namaphepha ewehlisayo? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 7

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza**, "Kusho ukuthini ukuthi laligcwele phama? Bazofunda ngani abantu?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Olwani lolu lwazi ababezimisele ukuluthola? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"
- **Yisho, "Sizogcina la namuhla. Siyoqhubeka ngesikhathi esilandelayo.**


Basize ngesu leminwe emihlanu uma behlangana negama abangalazi.



Isithupha – Shiya igama ongalazi bese ufunda umusho wonke.




Umunwe wokukhomba – Buka isithombe kanye nesihloko.



Umunwe ophakathi – Zibuze; ikhona ingxenye yegama ongakwazi ukuyifunda.



Umunwe wendandatho – Phimisa igama ngokwemisindo.



Ucikicane – Buza uthisha wakho ukuthi igama lisho ukuthini.

Esifundweni sesi-4

- Bakhumbuze isihloko sencwadi '**Isifundo sokuvota!"** nesu leminwe emihlanu.

Vula ikhasi 7

- **Buza,** "Sigcine kwenzakalani? Konje bebezofunda ngani bonke laba bantu? Qagelani ukuthi sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 8

- **Bafundele imisho emi-3.**
- **Buza**, "Yini ibhalothi phepha? Wake wayibona yini? Linamagama ani?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Yini okumele uyazi kuleli phepha? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 9

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza**, "Wayefundisa ngani lo wesifazane?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Yini imfihlo?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza**, "Kukhona ini egunjini lokuvota? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 10

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- Buza, "Wake walubona lolu phawu?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3 elandelayo.**
- **Buza,** "Lufakwa kuphi lolu phawu uma uvota?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Elinjani ivoti elonakele? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 11

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza,** "Sewake wababona abantu benalo inki esithupheni?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza, "**Kwakuyini lesi sithunzi?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza**, "Ugcotshwa kuphi u -inki? Kungani kugcotshwa lo inki?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza**, "Uhlala isikhathi esingakanani lo inki ukuthi usuke? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"
- **Yisho,** "Siyoqhubeka ngesikhathi esilandelayo sizwe ukuthi indaba yaqhubeka kanjani."

Basize bakwazi ukuphendula imibuzo emayelana nendaba.

Sithini isihloko sendaba? Sithi 'Isifundo sokuvota.

Sithini isisusa sendaba? Kwakuzoba nokhetho emphakathini.

Ubani umlingiswa osemqoka? Indoda yasesikhungweni sokusingatha ukhetho.

Yenzeka nini lendaba? Ngenkathi eyadlula.

Umsebenzi

Phendula imibuzo emayelana nendaba.

Imibizo	Izimpendulo
Sithini isihloko sendaba?	
Sithini isisusa sendaba?	
Ubani umlingiswa osemqoka?	
Yenzeka nini lendaba?	

Esifundweni sesi-5

- Bakhumbuze isihloko sencwadi '**Isifundo sokuvota**' nesu leminwe emihlanu.

Vula ikhasi 11

- **Buza,** "Sigcine kwenzakalani? Sithe ufakwa kuphi u-inki uma uvota? Qagelani ukuthi sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 12

- **Bafundele** imisho emi-2.
- **Buza**, "Ingabe obani abanakekela isiteshi sokuvota?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza**, "Obani ababala amavoti? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 13

- **Akufunde omunye umfundi** umusho owodwa.
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi usiphakamiselani isandla uKuku?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Ingabe izothini impendulo kulombuzo kaKuku?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukuvungama? Babecabanga ukuthini? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 14

- **Akufunde omunye umfundi** umusho owodwa.
- **Buza,** "Ingabe ivumelekile imifaniswano wamaqembu esiteshini sokuvota?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Yini ukukhankasa?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Obani abavumelekile ukugqoka umfaniswano wamaqembu? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 15

- **Akufunde omunye umfundi** imisho emi-2.
- **Buza,** "Wabuza wathini uJakalase?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho elandelayo.**
- **Buza,** "Ushongani uNono ukuthi umbuzo obalulekile?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza**, "Ubewubuzelani uNono lombuzo? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 16

- **Akufunde omunye umfundi** imisho emi-2.
- **Buza,** "Lutholakala kuphi uhlu lwamagama?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho elandelayo.**
- **Buza,** "Bazolibheka kuphi igama lakho ngaphambi kokuthi ungene egunjini?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi lisulelwani igama lomuntu osevotile?" Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 17

- **Akufunde omunye umfundi** umusho owodwa.
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi izothini impendulo? Usho ngani?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Ubani owayebuzile?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Olunjani ukhetho olumsulwa? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 18

- **Akufunde omunye umfundi** imisho emi-2.
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi okunjani ukuvota okuyisipesheli?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Sifakwa nini lesi sicelo?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 19

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza,** "Baphuma benjani ababethamele umhlangano?"

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukuncoma?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 20

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukuhlabeka umxhwele? Yini eyayibahlabe umxhwele?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Mpahla zini ababefike nazo? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 21

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza,** "Yini indaba esemehlweni?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Ingabe bakebavota yini laba bantu?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza**, "Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo? Ingabe izophela kanjani indaba?"

Vula ikhasi 22

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza,** "Bakhuluma ngani abangani?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza,** "Ingabe ezani izimali ezidingekayo?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Izimoto zona zizokwenzani?"
- **Yisho,** "Sizogcina la namuhla. Siyoqhubeka ngesikhathi esizayo sidlale umdlalo ngendaba."

Basize abafundi bakwazi ukuphendula imibuzo yesifundo sokuqondisisa.

1. **Kuthiwa yini iphepha lokuvota?** Ibhalothi phepha.
2. **Kuvumelekile yini ukufaka umfaniswano ngosuku lokuvota?** Cha, abaholi kuphela bamaqembu abangawufaka.
3. **Ubona kanjani ukuthi igama lakho likhona ohlwini lwamagama?** Uyabheka ngaphambi kokungena egunjini lokuvota.
4. **Kuvumelekile yini ukuvotela umuntu oyisihlobo sakho?** Akuvumelekile, kodwa angabhalisela ukuvota okuyisipesheli.

Umsebenzi

Imibuzo	Izimpendulo
1. Kuthiwa yini iphepha lokuvota?	
2. Kuvumelekile yini ukufaka umfaniswano ngosuku lokuvota?	
3. Ubona kanjani ukuthi igama lakho likhona ohlwini lwamagama?	
4. Kuvumelekile yini ukuvotela umuntu oyisihlobo sakho?	

Esifundweni sesi-6

Bakhumbuze isihloko sendaba kanye nokulandelana kwezigameko.

- **Yisho,** "Namuhla kudlalwa umdlalo ngendaba."
- **Buza**, "Obani abazoba abalingiswa, UJakalase, uKuku, indoda esebenza esikhungweni esizimele sokukhungatha ukhetho?"
- **Buza,** "Ubani ozoba abasebenzi?
- **Buza**, "Ubani ozoxoxa indaba?"
- **Yisho,** "Abanye basiza abalingiswa."

Awuqaleke umdlalo. Basize uma bengasakhumbuli ukulandelana kwezigameko.

Umsebenzi

Phendula imibuzo elandelayo.

Imibuzo	Izimpendulo
Ubani umlingiswa osemqoka?	
Sifundo sini esisithola kulendaba?	
Obani abanye abalingiswa?	
Yini isisusa sendaba?	
Yini isiphetho sendaba?	
Sithini isihloko sendaba?	

Isihloko sencwadi ‘Usuku lokuvota’ Izinga lesi-2

Ukulungiselela isifundo

Yiba nekhadi elinesihloko sencwadi.

Usuku lokuvota

Yiba nalawa makhadi amagama amasha namagama asetshenzisiwe kaningi.

Amagama amasha	Amagama asetshenziswe kaningi
ezimakiwe	uKuku
kunemicibisholo	abavoti
ukubhekelela	izintathelo
ukuphepha	uJakalase
uhele	uNono
izintathakusa	uBathathe
abavoti	esiteshini
ubutatata	
bezungeza	
umatasatasa	
bancenge	
izintatheli	
ubuqhafaqhafa	
amagama ayiziswana	
abezindaba	
cosololo	
ukuqhenya	
watheleka	
behalalisa	
Umgcini masango	
onakele	

Esifundweni soku-1

- **Xoxa** ngekhava yencwadi.
- **Buza,** "Ubani lo? Kwenzekani? Nisayikhumbula incwadi yesi-3 esiyifundile? Babefundiswa ngani? Ingabe selufikile usuku lokuvota?"
- **Chaza,** "Lencwadi iyaqhubeka kule yesi-3 esiyifundile."
- **Yethula** isihloko sencwadi: **'Usuku lokuvota'.**
- **Babonise ikhadi lesihloko:**

Usuku lokuvota

- **Buza,** "Qagela izokhuluma ngani lencwadi? Kungani usho kanjalo?"

Vula ikhasi elilandelayo

- **Chaza,** "Le incwadi yesi-4 kuleli zinga lesi -4, zikhona ezinye ezi-2 esizozifunda uma siqeda le."

Vula ikhasi elilandelayo

- **Chaza,** "Yabhalwa abakwa- Shuter & Shooter KwaZulu-Natal, incwadi yabhalwa ngo 2020 babonise nenombolo yencwadi ISBN."

Vula ikhasi 1

- **Buza,** "Kukuphi la? Ingabe kusesikoleni noma ihholo lokuvotela uma sicabanga ngesihloko?"
- **Babonise** amagama '**ezimakiwe, kunemicibisholo'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Qagela ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 2

- **Buza,** "Ingabe kwenzakalani la? Obani laba? Ingabe sebelungele ukuvotisa? Qagela ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 3

- **Buza,** "Hawu! Ayaphi amaphoyisa la? Ingabe kunezigebengu yini? Ucabanga ukuthi bazothini ngokhiye wakhe? Qagelani sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** amagama **'ukubhekelela, ukuphepha'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi 4

- **Buza,** "Ingabe kwenzakalani? Ucabanga ukuthi bazokwenzani la? Qagelani sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** amagama **'uhele, izintathakusa'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi 5

- **Buza,** "Kwenzakalani manje esangweni? Ucabanga sekuqaliwe yini ukuvota? Qagelani sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** igama **'abavoti'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi 6

- **Buza, "**Kwenzakalani la? Ingabe wenzani lo? Sengathi uphethe isitembu? Qagelani sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 7

- **Buza,** "Konje ubani igama lakhe lo? Ucabanga ukuthi uyaphi ngalemoto? Unamathisela ini emotweni? Qagela ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** amagama **'ubutatata' bezungeza'** chaza kusho ukuthini.
- **Yisho,** "Sizogcina la namhlanje siyoqhubeka ngesikhathi esilandelayo."

Basize bakwazi ukwakha ulwazimagama.

Umsebenzi

Bhala ulwazimagama nencazelo efanele kusichazamazwi	
ezimakiwe	Kunento ebonisayo
kunemicibisholo	Izinto ezicijile ezikhombayo
ukubhekelela	Ukugada
ukuphepha	ukuvikeleka
uhele	ulayini
izintathakusa	Ekuseni kakhulu
abavoti	Abantu abazovota
ubutatata	Ukusebenza uthatha ubeka izinto
bezungeza	Behamba yonke indawo emuva nangaphambili

Esifundweni sesi-2

- Bakhumbuze ngesihloko sencwadi '**Usuku lokuvota'.**
- **Buza,** "Konje bekwenzakalani la sigcine khona?"
- **Babonise** la nigcina khona.

Vula ikhasi 7

- **Buza,** "Ingabe wayenzani uKuku la? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 8

- **Buza,** "Hayi bo! Ekabani lemoto? Bheka isithombe, ingabe bayaphi oNono ngemoto? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 9

- **Buza,** "Kwenzakalani manje? Le moto yona ihamba bani? Unjani umbala wabo? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** amagama "**umatasatasa, bancenge'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi 10

- **Buza,** "Kwenzakalani la? Ucabanga ukuthi ubani lo? Ingabe usamkhumbula uJakalase? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** amagama **'izintatheli, ubuqhafaqhafa'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi 11

- **Buza,** "Kwenzakalani la? Ucabanga ukuthi ukuphi? Ingabe uzovotela bani? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 12

- **Buza**, "Kwenzekani lapha? Ingabe bazomvotela yini uJakalase? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** isisho **'amagama ayiziswana'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi 13

- **Buza,** "Kwenzakalani manje la? Ubani lo ofikayo esiteshini sokuvota? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** igama **'abezindaba'** chaza ukuthi obani.

Vula ikhasi 14

- **Buza,** "Wenzani uKuku manje? Ingabe uyavota? Ucabanga ukuthi uzovotela bani? Ingabe likhona yini iqembu lakhe?"
- **Babonise** igama '**cosololo'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 15

- **Buza,** "Ubani lo? Uyaphi uBathathe manje? Ingabe uzovota naye? Ucabanga ukuthi uzovotela bani? Ingabe likhona yini iqembu lakhe?"
- **Babonise** igama '**ukuqhenya'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 16

- **Buza,** "Kwenzakalani manje? Ingabe usevotile na? Obani laba abaphethe amakhamera? Ucabanga ukuthi uzovotela bani? Ingabe likhona yini iqembu lakhe?"
- **Babonise** igama '**intatheli'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 17

- **Buza,** "Kwenzakalani la? Ubani lo? Uyaphi? Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** amagama **'watheleka, behalalisa'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi 18

- **Buza,** "Kwenzekani manje? Ingabe uzovotela bani uNono? Ingabe uzolibona iqembu lakhe? Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 19

- **Buza,** "Hawu! Umugqa usungakanani manje? Ingabe sebephelile yini? Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 20

- **Buza,** "Hayi bo! Kwenzekani manje? Ingabe sekuvaliwe? Ucabanga ukuthi abekho yini abavoti abezayo na?"
- **Babonise** igama **'umgcini masango'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 21

- **Buza,** "Kwenzekani manje? Ingabe sebebala amavoti? Ucabanga ukuthi ubani ozophumelela? Usho ngani?"
- **Babonise** igama **'onakele'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Yisho, "Siyoqhubeka ngesikhathi esizayo sizwe ukuthi indaba yaphela kanjani."

Basize bakwazi ukwakha ulwazimagama.

Umsebenzi

Bhala ulwazimagama nencazelo efanele kusichazamazwi	
umatasatasa	Ukusebenza kakhulu
bancenge	Ukucela umuntu kaningi
izintatheli	Abasebenza ukuthola izindaba bese bezidlulisela emphakathini
ubuqhafaqhafa	Beshutha ngapha nangapha
amagama ayiziswana	Amagama okwedelela
abezindaba	izintatheli
cosololo	ukuneliseka
ukuqhenya	ukubukisa
watheleka	wafika
behalalisa	bembongela
Umgcini masango	Umuntu ogada esangweni
onakele	amoshekile

Esifundweni sesi-3

- **Kufundwa** incwadi **namuhla.**
- **Bakhumbuze** isihloko sendaba **'Usuku lokuvota'.**
- **Bafundele** isihloko sencwadi.

Vula ikhasi-1

- Bafundele imisho emi-3
- **Buza,** "Ingabe kuvotelwani? Sekuvuliwe yini esiteshini?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3 elandelayo.**
- **Buza,** "Ubani owake wabona uma kuvotwa noma kumabonakude? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Bakhumbuze** igama **'abavoti'.**

Vula ikhasi 2

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi bazovula ngasikhathi sini?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi bawufakelani umfaniswano?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Yini abayihlelayo? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Bakhumbuze** igama **'umphathi'.**

Vula ikhasi 3

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza**, "Kungani kunamaphoyisa la?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Ingabe akuphephile yini kanti?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Ehla enyuka enzani? Qagela ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 4

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza**, "Yini uhele?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza**, "Kungani befike ezintathakusa?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Kwenzekani uma udlulwe ilanga lokuvota? Qagela ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 5

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza**, "Ucabanga ukuthi avulwe nini amasango?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza**, "Kungani efike ekuseni kakhulu amanesi namaphoyisa ukuzovota?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza**, "Kungani kufanele basheshe babuyele emuva? Qagela ukuthi sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 6

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza**, "Yini ipasi? Wena unalo yini?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza**, "Kungani bephethe amapasi?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Kungani bengavumelekile? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 7


- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza**, "Obani ubutatata? Awani amaphosta abawafakayo?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Ubani uMakhonya?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza**, "Wayefuna ukuba bamvoteleleni uKuku?"

Yisho, "Siyoqhubeka sifunde indaba ngesikhathi esilandelayo."


Basize ngesu leminwe emihlanu uma behlangana negama abangalazi.



Isithupha – Shiya igama ongalazi bese ufunda umusho wonke.




Umunwe wokukhomba – Buka isithombe kanye nesihloko.



Umunwe ophakathi – Zibuze; ikhona ingxenye yegama ongakwazi ukuyifunda.



Umunwe wendandatho – Phimisa igama ngokwemisindo.



Ucikicane – Buza uthisha wakho ukuthi igama lisho ukuthini.

Esifundweni sesi-4

- Bakhumbuze isihloko sencwadi '**Usuku lokuvota**' nesu **leminwe emihlanu.**

Vula ikhasi 7

- **Buza,** "Sigcine kwenzakalani? Konje sithe wayewafakelani amaphosta emotweni? Qagelani ukuthi sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 8

- **Bafundele imisho emi-2.**
- **Buza**, "Babeya esiteshini sani?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza**, "Ingabe bazophumelela yini?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Kungani bezitshela ukuthi bazoziwinela? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 9

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza**, "Wayematasatasa ngani uBathathe?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Kusho ukuthini ukukhankasa?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Kungani kungumsebenzi onzima ukuba neqembu? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 10

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- Buza, "Yini izintatheli? Kungani zigijimela kuJakalase?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza, "**Bazozenzani izithombe abazithathayo?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza**, "Yini izikhulu? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 11

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza, "**Lunjani uphawu lokuvota?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza, "**Ingabe obani ababemgadile? Babemgadeleni uJakalase? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"
- **Yisho,** "Siyoqhubeka ngesikhathi esilandelayo sizwe ukuthi bazowuthola yini ukhiye."

Basize bakwazi ukuphendula imibuzo emayelana nendaba.

Sithini isihloko sendaba? Sithi 'Usuku lokuvota.

Sithini isisusa sendaba? Kwakufane kube nokhetho lweqembu elizophatha.

Ubani umlingiswa osemqoka? UKuku.

Yenzeka nini lendaba? Ngenkathi eyadlula.

Umsebenzi

Phendula imibuzo emayelana nendaba.

Imibizo	Izimpendulo
Sithini isihloko sendaba?	
Sithini isisusa sendaba?	
Ubani umlingiswa osemqoka?	
Yenzeka nini lendaba?	

Esifundweni sesi-5

- Bakhumbuze isihloko sencwadi '**Usuku lokuvota**' nesu **leminwe emihlanu**.

Vula ikhasi 11

- **Buza,** "Sigcine kwenzakalani? Ubevotela liphi iqembu uJakalase? Qagelani ukuthi sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 12

- **Bafundele** imisho emi-2
- **Buza**, "Obani ababemhalalisela uJakalase?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Amagama anjani aziswani?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Kungani engabanakanga labo? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 13

- **Akufunde omunye umfundi** imisho emi-2.
- **Buza,** "Babefunani abezindaba kuKuku?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Ingabe kungani bethi akame?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza**, "Ingabe yayithini imibuzo uma ucabanga? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 14

- **Akufunde omunye umfundi** imisho emi-2.
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukuthi cosololo? Kungani kuthi cosololo kuKuku emva kokuvota?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3 elandelayo.**
- **Buza,** "Imithetho ebekiwe esiteshini sokuvota? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 15

- **Akufunde omunye umfundi** imisho emi-2.
- **Buza,** "Kungani oBathathe babeyizikhulu? Kusho ukuthini ukuziqhenya?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza,** "Kungani oBathathe babengami kulayini wokuvota? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 16

- **Akufunde omunye umfundi** imisho emi-2.
- **Buza,** "Obani ozakwabo bakaBathathe? Kungani abezindaba begijimela kuBathathe?
- **Akufunde omunye umfundi** imisho emi-2.
- **Buza,** "Wayezizwa enjani uBathathe emuva kokuvota? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 17

- **Akufunde omunye umfundi** imisho emi-2.
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukutheleka esiteshini? Zazimbuza ngani izintathatheli?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Yini abalandeni?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Kusho ukuthini ukuphakamisa isandla kukaNono? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 18

- **Akufunde omunye umfundi** imisho emi-2.
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi wavotela bani uNono?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza,** "Yini into ababeyibhekile njengoba uNono wayengowokugcina ezikhulwini?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Kwakuzothatha isikhathi esingakanani ukuthi kuphume imiphumela yokhetho? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 19

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukuthi abantu sebembalwa esiteshini?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza,** "Bebekuphi laba abafika manje ukuzovota?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Kungani bekhathele laba abaqale emsebenzini? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 20

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza,** "Kuvalelwani manje ukuvota?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza,** "Kungani abasebenzi babebona sengathi iwashi lihamba kancane? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 21

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi ubani ozophumelela?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Ingabe awani lamabhokisi abawavulayo?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza,** "Kwakukhona ini emabhokisini? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo? Ingabe izophela kanjani indaba?"

Vula ikhasi 22

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza,** "Ingabe sebeqedile yini ukubala njengoba sekusebusuku?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi ubani ophumelele?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza,** "Ingabe bawayisa kuphi amavoti manje?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Hawu! Ingabe kunezinye iziteshi zokuvota? Uma esehlangene ucabanga ukuthi ubani ozoluwina ukhetho? Wena ungaliqala yini iqembu lezombusazwe?"
- **Yisho,** "Sizogcina la namuhla. Siyoqhubeka ngesikhathi esizayo sidlale umdlalo ngendaba."

Basize abafundi bakwazi ukuphendula imibuzo yesifundo sokuqondisisa.

1. **Mangaki amaqembu ozwe bekhuluma ngawo kulencwadi?** Mane-4 amaqembu.
2. **Obani abaholi bawo?** UKuku, uNono, uBathathe kanye noJakalase
3. **Kwakuvotelwani?** Kwafuneka iqembu elizophatha umphakathi.
4. **Kungani kufanele kube neqembu eliphethe?** Ukuze linakekele izidingo zomphakathi futhi basize ukuhlala kahle emphakathini.
5. **Ubani ocabanga ukuthi angabusa futhi aphathe kahle isizwe?** Khetha ofanele. uKuku ngoba unesihe nomusa nabanye abantu/ uNono ngoba uyinono/ Ubathathe ngoba uvikela abantu/ uJakalase ngoba unamaqhinga amaningi.

Umsebenzi

Imibuzo	Izimpendulo
1. Mangaki amaqembu ozwe bekhuluma ngawo kulencwadi?	
2. Obani abaholi bawo?	
3. Kwakuvotelwani?	
4. Kungani kufanele kube neqembu eliphethe?	
5. Ubani ocabanga ukuthi angabusa futhi aphathe kahle isizwe?	

Esifundweni sesi-6

Bakhumbuze isihloko sendaba kanye nokulandelana kwezigameko.

- **Yisho,** "Namuhla sidlala umdlalo ngendaba."
- **Buza**, "Obani abazoba abalingiswa, UJakalase, uKuku, uNono noBathathe?"
- **Buza,** "Obani abazoba abasebenzi basesiteshini sokuvota?
- **Buza,** "Ubani ozoba umvuli sango, amaphoyisa?"
- **Buza**, "Ubani ozoxoxa indaba?"
- **Yisho,** "Abanye abantu abazovota."

Awuqaleke umdlalo. Basize uma bengasakhumbuli ukulandelana kwezigameko.

Umsebenzi

Imibuzo	Izimpendulo
Ubani umlingiswa osemqoka?	
Sifundo sini esisithola kulendaba?	
Obani abanye abalingiswa?	
Yini isisusa sendaba?	
Yini isiphetho sendaba?	
Sithini isihloko sendaba?	

Isihloko sencwadi ‘Iyozala nkomoni’ Izinga lesi-2

Ukulungiselela isifundo

Yiba nekhadi elinesihloko sencwadi.

Iyozala nkomoni

Yiba nalawa makhadi amagama amasha namagama asetshenzisiwe kaningi.

Amagama amasha	Amagama asetshenziswe kaningi
Ukungena indlela	imiphumela
bephakamisa	ukhetho
abalandeli	uKuku
kenqe	abantwana
ngamajubane	izikhulu
wabanqanda	
bathule cwaka	
uthishanhloko	
izimemezelo	
bamenyiwe	
uxhaxha	
sagogoda	
isiteji	
imihelane	
bayidlile ingqephu	
idla umunyu	
kuyaphithizela	
abadle ubhedu	
onogada	
iso lokhozi	
ukuthakaselwa	
sakunyonyoba’	
unovalo	

Esifundweni soku-1

- **Xoxa** ngekhava yencwadi.
- **Buza,** "Nibonani? Kwenzekani? Konje ubani lo? Ucabanga ukuthi uyaphi njengoba egqoke kanje? Nisayikhumbula incwadi yesi-4 esiyifundile? Sagcina kwenzakalani ngokhetho?"
- **Chaza,** "Lencwadi iyaqhubeka kule yesi-4 esiyifundile."
- **Yethula** isihloko sencwadi: **'Iyozala nkomoni'.**
- **Babonise ikhadi lesihloka:**

Iyozala nkomoni

- **Buza,** "Qagela izokhuluma ngani lencwadi uma ucabanga ngesihloko? Kungani usho kanjalo?"

Vula ikhasi elilandelayo

- **Chaza,** "Le incwadi yesi-5 kuleli zinga lesi -4, ikhona enye eyodwa esizozifunda uma siqeda le."

Vula ikhasi elilandelayo

- **Chaza,** "Yabhalwa abakwa- Shuter & Shooter KwaZulu-Natal, incwadi yabhalwa ngo 2020 babonise nenombolo yencwadi ISBN."

Vula ikhasi 1

- **Buza,** "Kwenzakalani la? Ucabanga ukuthi uyavuka noma uyalala uKuku manje? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 2

- **Buza,** "Kwenzakalani manje la? Ingabe uvusa abantwana bakhe yini? Qagelani sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 3

- **Buza,** "Benzani manje? Ingabe sebeyadla yini? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 4

- **Buza,** "Sengathi bayahamba abantwana, ingabe bayaphi? Uma ubheka izikhwama zabo ingabe bayaphi? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** isisho **'ukungena indlela,'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi 5

- **Buza,** "Kwenzakalani la? Ubonani? Ingabe kukuphi la? Obani laba abahlangana nabo? Kanti kuyiwa kuphi? Qagelani sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 6

- **Buza, "**Kwenzakalani la? Bakuphi manje? Kungani bebeka izikhwama phansi? Ingabe baxoxa ngani? Qagelani sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** igama **'bephakamisa, abalandeli'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi 7

- **Buza,** "Kukuphi laphaya? Ubani loya, wenzani? Wenzenjani uma kukhala insimbi esikoleni? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** igama **'kenqe'** chaza kuyini.
- **Yisho,** "Sizogcina la namhlanje siyoqhubeka ngesikhathi esilandelayo."

Basize bakwazi ukwakha ulwazimagama.

Umsebenzi

Bhala ulwazimagama nencazelo efanele kusichazamazwi	
Ukungena indlela	Ukuhamba uye endaweni ethile
bephakamisa	Ukuncoma umuntu
abalandeli	Abantu abalandela iqembu elithile
kenqe	Ukukhala kwensimbi

Esifundweni sesi-2

- Bakhumbuze ngesihloko sencwadi '**Iyozala nkomoni'.**
- **Buza,** "Konje bekwenzakalani la sigcine khona?"
- **Babonise** la nigcine khona.

Vula ikhasi 7

- **Buza,** "Bese bekuphi abantwana? Wenzani uthisha lapha esikoleni? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 8

- **Buza,** "Hayi bo! Uzobavimba yini uthisha esangweni? Ingabe uzovala isango yini?"
- **Babonise** amagama '**ngamajubane, wabanqanda'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 9

- **Buza,** "Hayi bo! Ubani lo? Sebekuphi manje? Nina nihlangana kuphi uma kukhala insimbi? Ubani oyayekhulume uma nihlangene esikoleni?"
- **Babonise** amagama '**bathule cwaka, uthishanhloko, izimemezelo'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 10

- **Buza,** "Hayi bo! Ingabe ubani lo? Wenzani? Ucabanga ukuthi uyaphi uJakalase?"
- **Babonise** amagama **'bamenyiwe, uxhaxha'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 11

- **Buza,** "Yini le? Ubani lo ohlezi ngasefasiteleni? Ingabe uyaphi uBathathe? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 12

- **Buza**, "Ubani lo? Wamuhle bo! Ingabe uyaphi? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** igama '**umncintiswano kanobuhle**' chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi 13

- **Buza,** "Ha, wamuhle uKuku, uyaphi? Ucabanga ukuthi uwinile yini ukhetho? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** igama '**sagogoda'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi 14

- **Buza,** "Hayi bo! Kuyavotwa yini futhi? Ucabanga ukuthi ubani ozowina? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** igama **'esiteji'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi 15

- **Buza,** "Ingabe seyiphumile yini imiphumela? Konje yayizophuma nini?"
- **Babonise** igama **'imihelane'** izisho **'bagqoke bayaconsa, bayidlile ingqephu, idla umunyu'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 16

- **Buza,** "Kwenzakalani la? Ingabe baphethe ini? Obani laba abaphethe imishini yezithombe? Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** amagama **'kuyaphithizela, abadle ubhedu'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi 17

- **Buza,** "Kwenzakalani la? Ameleni amaphoyisa emnyango? Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** amagama **'onogada, iso lokhozi'** isisho **'bahlome bayizingovolo'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi 18

- **Buza,** "Kwenzekani manje? Ubani lo ofikayo? Ingabe uzowina uJakalase?
- **Babonise** amagama **'ukuthakaselwa'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 19

- **Buza,** "Kwenzekani manje? Ubani lo ofikayo? Ingabe uzowina yini uNono?
- **Babonise** amagama **'sakunyonyoba'** chaza kusho ukuthini.

- **Buza,** "Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 20

- **Buza,** "Hayi bo! Obani laba abafikayo? Kungani befika kanyekanye uKuku noBathathe? Ucabanga ukuthi baxoxa ngani."
- **Babonise** igama **'unovalo'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 21

- **Buza,** "Kwenzekani manje? Hawu! Ingabe sebebiza imiphumela? Elikabani iqembu elizowina?"
- **Buza,** "Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Yisho, "Siyoqhubeka ngesikhathi esizayo sizwe ukuthi indaba yaphela kanjani."

Basize bakwazi ukwakha ulwazimagama.

Umsebenzi

Bhala ulwazimagama nencazelo efanele kusichazamazwi	
ngamajubane	begijima
wabanqanda	wabavimba
bathule cwaka	Bathula kakhulu
uthishanhloko	Uthisha ophethe isikole
izimemezelo	Izinto ezitshelwa abantu ukuze babe nolwazi
bamenyiwe	babiziwe
uxhaxha	Izinto eziningi ezihlangene
sagogoda	Ukufunda kakhulu
isiteji	Indawo ethe ukuphakama kancane yokuma wethule inkulumo
imihelane	Izigqoko ezivuleke kakhulu
bayidlile ingqephu	Bagqoke kahle kakhulu
idla umunyu	Imihle kakhulu
kuyaphithizela	Bayehla bayenyuka
abadle ubhedu	abawinile
onogada	Amaphoyisa agadile
iso lokhozi	ukubhekisisa
ukuthakaselwa	ukujatshulelwa
sakunyonyoba	Uhamba kancane
unovalo	uyesaba

Esifundweni sesi-3

- **Kufundwa** incwadi **namuhla.**
- **Bakhumbuze** isihloko sendaba **'Iyozala nkomoni'.**
- **Bafundele** isihloko sencwadi.

Vula ikhasi 1

- Bafundele imisho emi-2
- **Buza,** "Ukulala kanjani ukulala obenyoni? Kuyini le afisa ngabe sebeyizwile uKuku?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza,** "Olwani uvalo kuKuku? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 2

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza,** "Kungani babengathandi ukuvuka? Kuqalazwa kanjani emgwaqweni?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Kungani babephuze ukulala?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza**, "Kungani kwaba yisikhathi ebavusa kodwa bengavuki? Qagela ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 3

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2**
- **Buza**, "Eyani ingxoxo? Ingabe bekwenzekani ngayizolo?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Imiphumela yani ebuzwa nguChwane?
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Yayizomenyezelwa kuphi imiphumela? Qagela ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 4

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza**, "Babehamba ngani ukuya esikoleni? Wena uhamba ngani ukuza la esikoleni?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Zihamba ngani ezinye izingane?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Bangaki abahamba ngamabhayisikili? Qagela ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 5

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza**, "Abakabani abantwana abaficana nabo endleleni?
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Ingabe namakilasi abawafundayo ayafana yini?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Babexoxa ngani? Qagela ukuthi sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 6

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza**, "Hayi bo! Bazofika nini esikoleni uma belibele ukuxoxa? Kungani bephakamisa abazali babo?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Obani abalandeli?"

Vula ikhasi 7

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza**, "Hayi bo! Ikhalelani insimbi?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Kusho ukuthini ukuhlanza udende?
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Yini engavunyelwe lapha kulesi sikole? Ingabe kuvumelekile kulesi sakho isikole? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"


Vula ikhasi 8

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza**, "Wayebanqandelani uthisha esangweni?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza**, "Wayezobenzani uthisha uma bephinda befika emuva kwesikhathi? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"


Basize ngesu leminwe emihlanu uma behlangana negama abangalazi.



Isithupha – Shiya igama ongalazi bese ufunda umusho wonke.




Umunwe wokukhomba – Buka isithombe kanye nesihloko.



Umunwe ophakathi – Zibuze; ikhona ingxenye yegama ongakwazi ukuyifunda.



Umunwe wendandatho – Phimisa igama ngokwemisindo.



Ucikicane – Buza uthisha wakho ukuthi igama lisho ukuthini.

Esifundweni sesi-4

- Bakhumbuze isihloko sencwadi '**Iyozala nkomoni'** nesu **leminwe emihlanu.**

Vula ikhasi 8

- **Buza,** "Sigcine kwenzakalani? Konje sigcine ethini uthisha? Qagelani ukuthi sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 9

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza**, "Ucabanga ukuthi zithini izimemezelo?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Okunjani ukuthula okwazi ukuzwa inaliti iwa?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza**, "Ingabe ezani izimemezelo ezazenziwa uthisha omkhulu? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 10

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza**, "Wayeyokwenzani esikhungweni uBathathe?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Babezozibonela ini?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Olwani uxhaxha olukhona la esiteshini? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 11

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza,** "Wayeyaphi uBathathe futhi eyokwenzani?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Bazokwenzani abantu esikhungweni?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Eyani lemishini? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 12

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza,** "Ezinjani izimpahla zesintu?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi uyokwenzani esikhungweni? Ingabe uzowina uma ucabanga?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza**, "Yini umncintiswano kanobuhle?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Kungani babephenduka noNono abantu? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 13

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza,** "Wayezimisele ngani uKuku? Wayegqoke ini"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Obani abangani asebevukile?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza**, "Ucabanga ukuthi wayefundile yini uKuku noma cha? Usho ngani? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 14

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza,** "Kungani belungisile lapha? Ubani owayezophumelela?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza,** "Kwakulungiselelwe obani esiteji?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Zaziyaphi izikhulu zikahulumeni? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 15

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza,** "Bayaphi bonke laba bantu? Ukusho ukuthini ukuthi bagqoke bayaconsa?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza,** "Yini imihelane? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 16

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza,** "Obani abezindaba?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Ingabe olwani lolu suku?"

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza**, “Abanjani abadle ubhedu? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?”
- **Yisho,** “Siyoqhubeka ngesikhathi esilandelayo.”

Basize bakwazi ukuphendula imibuzo emayelana nendaba.

Sithini isihloko sendaba? ‘Iyozala nkomoni’

Sithini isisusa sendaba? Kwakukade kunokhetho manje abantu belindele imiphumela.

Ubani umlingiswa osemqoka? UNono.

Yenzeka nini lendaba? Ngenkathi eyadlula.

Umsebenzi

Imibuzo	Izimpendulo
Sithini isihloko sendaba?	
Sithini isisusa sendaba?	
Ubani umlingiswa osemqoka?	
Yenzeka nini lendaba?	

Esifundweni sesi-5

- Bakhumbuze isihloko sencwadi '**Iyozala nkomoni'** nesu leminwe emihlanu.

Vula ikhasi 16

- **Buza,** "Sigcine kwenzakalani? Ingabe kwakungolwani lolu suku olukhulu? Qagelani ukuthi sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 17

- **Bafundele** imisho emi-2
- **Buza**, "Kusho ukuthini ukuhloma ube izingovolo?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Babegade ini abezokuphepha? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 18

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza,** "Kungani bemshayela izandla uJakalase?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho elandelayo.**
- **Buza,** "Yini eyayimenza abe namahlonyana? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 19

- **Akufunde omunye umfundi** imisho emi-2.
- **Buza,** "Wafikisana nobani uNono esikhungweni sokuvota?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza,** "Kuyini ingcokama? Kungani ehamba enyonyoba? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 20

- **Akufunde omunye umfundi** umusho owodwa.
- **Buza,** "Kungani befika kanyekanye uKuku noBathathe?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza,** "Ingabe babexoxa ngani?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Ingabe olwani uvalo abanalo? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 21

- **Akufunde omunye umfundi** imisho emi-2.
- **Buza,** "Ingabe elikabani igama elizobizwa uma ucabanga?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho elandelayo.**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukubamba umoya?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Elikabani lelo qembu, usalikhumbula?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho elandelayo.**
- **Buza,** "Hayi bo! Ubani ophumelele? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 21

- **Akufunde omunye umfundi** umusho owodwa.
- **Buza,** "Kungani kuduma ihholo? Bamhalaliselelani uNono?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza,** "Ukwenzani ukudla ubhedu?
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza,** "Kwakungobani ububanibani? Ingabe yazijabulisa kanjani inhlangano?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Ingabe bazizwa kanjani abanye abangani abathathu? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Yisho,** "Sizogcina la namuhla. Siyoqhubeka ngesikhathi esizayo sidlale umdlalo ngendaba."

Basize abafundi bakwazi ukuphendula imibuzo yesifundo sokuqondisisa.

1. **Wayegqokeni uNono?** Wayegqoke insudu yesintu.
2. **Umuntu onjani odla ubhedu?** Umuntu owinile phambili.
3. **Ubani owaphumelela okhethweni?** uNono
4. **Yini igama leqembu lakhe?** UManyonyoba
5. **Wawungaphatheka kanjani uma ungawinanga?** Ngangingaphatheka kabi kodwa ngigcine ngemukele.

Umsebenzi

Phendula imibuzo emayelana nendaba.

Imibuzo	Izimpendulo
1. Wayegqokeni uNono?	
2. Umuntu onjani odla ubhedu?	
3. Ubani owaphumelela okhethweni?	
4. Yini igama leqembu lakhe?	
5. Wawungaphatheka kanjani uma ungawinanga?	

Esifundweni sesi-6

Bakhumbuze isihloko sendaba kanye nokulandelana kwezigameko.

- **Yisho,** "Namuhla kudlalwa umdlalo ngendaba."
- **Buza**, "Obani abazoba abalingiswa, uJakalase, uNono, uKuku, noBathathe?"
- **Buza,** "Ubani ozoba isikhulu sikahulumeni?"
- **Buza,** "Ubani ozoba amaphoyisa?"
- **Buza,** "Obani uthishanhloko nothisha oshaya insimbi?"
- **Buza**, "Ubani ozoxoxa indaba?"
- **Yisho,** "Abanye basiza abalingiswa uma bekhuluma."

Awuqaleke umdlalo. Basize uma bengasakhumbuli ukulandelana kwezigameko.

Umsebenzi

Phendula imibuzo elandelayo.

Imibuzo	Izimpendulo
Ubani umlingiswa osemqoka?	
Sifundo sini esisithola kulendaba?	
Obani abanye abalingiswa?	
Yini isisusa sendaba?	
Yini isiphetho sendaba?	
Sithini isihloko sendaba?	

Isihloko sencwadi ‘Inkomo nesibaya’ Izinga lesi-2

Ukulungiselela isifundo

Yiba nekhadi elinesihloko sencwadi.

Inkomo nesibaya

Yiba nalawa makhadi amagama amasha namagama asetshenzisiwe kaningi.

Amagama amasha	Amagama asetshenziswe kaningi
kwesukasukela	angifuni
esibayeni	Intambo
liququde	Igundane
ingungumbane	ikati
Wasuka izithonto	Inja
	Ingungumbane
	Ibhubesi
	Isihlahla
	umlilo
	Amanzi
	Indlovu

Esifundweni soku-1

- **Xoxa** ngekhava yencwadi.
- **Buze,** "Nibonani? Kwenzekani? Obani laba? Sengathi bahamba ngemoto, bayaphi uma ucabanga? Nisayikhumbula incwadi yesi-5 esiyifundile? Kwakuwine bani okhethweni?"
- **Chaza,** "Lencwadi iyaqhubeka kule yesi-5 esiyifundile."
- **Yethula** isihloko sencwadi: **'Inkomo nesibaya'.**
- **Babonise ikhadi lesihloko:**

Inkomo nesibaya

- **Buza,** "Qagela izokhuluma ngani lencwadi? Kungani usho kanjalo?"

Vula ikhasi elilandelayo

- **Chaza,** "Le incwadi yesi-6 kuleli zinga lesi -4, zikhona ezinye zebanga lesi-3 esizozifunda uma siqeda le."

Vula ikhasi elilandelayo

- **Chaza,** "Yabhalwa abakwa- Shuter & Shooter KwaZulu-Natal, incwadi yabhalwa ngo 2020 babonise nenombolo yencwadi ISBN."

Vula ikhasi 1

- **Buza,** "Kwenzakalani la? Ingabe usabakhumbula abangani, obani? Sike safunda ngabo kwezinye izincwadi ezikhuluma ngoKuku nabangani bakhe, usabakhumbula? Ingabe baxoxa ngani namuhla?"
- **Babonise** amagama '**kwesukasukela, esibayeni'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Kusuke kwenzenjani uma sithi kwesukasukela? Qagela izokhuluma ngani lenganekwane?Ucabanga ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 2

- **Buza,** "Hayi bo! Kuyini le? Kukuphi la? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 3

- **Buza,** "Ubonani? Ingabe eyani lentambo? Uzoyenzani umfana? Qagela sekuzokwenzakalanli ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 4

- **Buza, "**Hayi bo! Inkomo imeleni esangweni? Kungani ingangeni esibayeni? Kuyini lokhu okungaphezu kwentambo? Ingabe liyayidla intambo igundane? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 5

- **Buza, "**Hayi bo! Kwenzakalani manje? Yini le esihlezi phezu kwentambo? Ucabanga ukuthi ikati lizolidla yini igundane? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** igama '**liququde'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi 6

- **Buza,** "Yini le esifikile? Inja ikhamiseleni? Ingabe izoluma inkomo? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 7

- **Buza,** "Hayi bo! Silwane sini lesi? Isilwane sasekhaya noma entabeni? Ucabanga ukuthi sizolidla yini igundane? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** igama '**ingungumbane'** chaza ukuthi yini.

Vula ikhasi 8

- **Buza,** "Kwenzakalani manje? Yini umfana evule izandla? Ingabe unenkinga yini? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 9

- **Buza,** "Hayi bo! Kwenzakalani manje? Ibhubesi lizodla in la? Ucabanga ukuthi lizodla ikati, inkomo, umfana noma lizolidla igundane? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 10

- **Buza,** "Kwenzakalani manje? Lakhamisa kangaka ibhubesi, ingabe lifuna ukudla ingungumbane? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 11

- **Buza, "**Kwenzakalani manje? Siyaphi isihlahla? Ucabanga ukuthi singamsiza yini umfana? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Yisho,** "Sizogcina la namhlanje siyoqhubeka ngesikhathi esilandelayo."

Basize bakwazi ukwakha ulwazimagama.

Umsebenzi

Bhala ulwazimagama nencazelo efanele kusichazamazwi	
kwesukasukela	Igama elishiwo uma uzoxoxa inganekwane
esibayeni	Indawo yokuhlala izinkomo
liququde	Ukudla into eqinile
ingungumbane	Isilwane sasehlathini esinameva emzimbeni siyawakhipha sikuhlabe ngawo.

Esifundweni sesi-2

- Bakhumbuze ngesihloko sencwadi '**Inkomo nesibaya.**
- **Buza,** "Konje bekwenzakalani la sigcine khona?"
- **Babonise** la nigcina khona.

Vula ikhasi 11

- **Buza, "**Wayethini uJakalase? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 12

- **Buza,** "Sizokwenzenjani isihlahla nebhubesi? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 13

- **Buza,** "Nibonani manje? Sekunomlilo, owani manje? Ingabe uzoshisani umfana? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 14

- **Buza,** "Ucabanga ukuthi umlilo uzokwenzani la? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 15

- **Buza,** "Hayi bo! Ingabe kwenzakalani manje la? Kuyini le sengathi amanzi? Ingabe ifuna ukuwaphuza inkomo? Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 16

- **Buza,** "Yenzani inkomo? Ingabe yomele amanzi? Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 17

- **Buza,** "Kwenzakalani la? Indlovu iyaphi? Ingabe izomsiza yini umfana? Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 18 ne-19

- **Buza,** "Kwenzekani manje? Ingabe yini le encane kangaka phezu kwentambo ebukwa umfana? Umfana uzolenzani ithambo manje? Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 20 ne-21

- **Buza,** "Kwenzekani manje? Hayi bo! Yenzani intuthwane? Bheka indlovu, yenzani manje? Ikati lona lenzani? Bheka igundane, lona lenzani uma ucabanga?"
- **Buza,** "Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Yisho, "Siyoqhubeka ngesikhathi esizayo sizwe ukuthi indaba yaphela kanjani."


Basize ngesu leminwe emihlanu uma behlangana negama abangalazi.



Isithupha – Shiya igama ongalazi bese ufunda umusho wonke.




Umunwe wokukhomba – Buka isithombe kanye nesihloko.



Umunwe ophakathi – Zibuze; ikhona ingxenye yegama ongakwazi ukuyifunda.



Umunwe wendandatho – Phimisa igama ngokwemisindo.



Ucikicane – Buza uthisha wakho ukuthi igama lisho ukuthini.

Esifundweni sesi-3

- **Kufundwa** incwadi **namuhla.**
- **Chaza,** "Lendaba ikhuluma ngenganekwane. Kufanele nilalelisise ukuthi ixoxwa ngubani, uxoxela obani nokuthi ikhuluma ngani."
- **Bakhumbuze** isihloko sendaba **'Inkomo nesibaya'.**
- **Bafundele** isihloko sencwadi.

Vula ikhasi 1

- **Bafundele imisho emi-4**. Khumbula ukusebenzisa iphimbo ukubonisa ukuthi kukhuluma abalingiswa abahlukene.
- **Buza,** "Ubani oxoxa inganekwane? Uxoxela obani? Ingabe ikhuluma ngani lenganekwane? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 2

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi izongena yini inkomo esibayeni?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Hayi bo! Ithini inkomo? Ingabe uzokwenzenjani umfana manje? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 3

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza**, "Bheka umfana, ujabulile noma uxakekile? Ucabanga ukuthi izothini intambo?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Hayi bo! Uzokwenzenjani umfana manje? Qagela ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 4

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza**, "Ucelani umfana manje? Ingabe lizomsiza igundane?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Lamsiza yini igundane? Ingabe usezokwenzenjani manje? Qagela ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 5

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza**, "Ucelani umfana manje? Ingabe lizomsiza ikati? Ufuna limsize ngani ikati?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Lamsiza yini ikati? Ingabe usezokwenzenjani manje? Qagela ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 6

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza**, "Ucelani umfana manje? Ingabe izomsiza yini inja?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Yamsiza yini inja? Ingabe usezokwenzenjani manje? Qagela ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 7

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza**, "Ucelani umfana manje? Ucabanga ukuthi izomsiza yini ingungumbane?"

Vula ikhasi 8

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza**, "Ithini ingungumbane? Ingabe usezokwenzenjani manje umfana? Qagela ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Yisho,** "Siyoqhubeka ngesikhathi esilandelayo sizwe ukuthi usezokwenzanjani manje umfana."


Basize ngesu leminwe emihlanu uma behlangana negama abangalazi.



Isithupha – Shiya igama ongalazi bese ufunda umusho wonke.




Umunwe wokukhomba – Buka isithombe kanye nesihloko.



Umunwe ophakathi – Zibuze; ikhona ingxenye yegama ongakwazi ukuyifunda.



Umunwe wendandatho – Phimisa igama ngokwemisindo.



Ucikicane – Buza uthisha wakho ukuthi igama lisho ukuthini.

Esifundweni sesi-4

- Bakhumbuze isihloko sencwadi '**Inkomo nesibaya'** nesu leminwe emihlanu.

Vula ikhasi 8

- **Buza,** "Sigcine kwenzakalani? Konje sithe umfana yamsiza yini ingungumbane? Qagelani ukuthi sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 9

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza**, "Ucelani umfana manje? Ucela ukuthi limsize kanjani ibhubesi? Ucabanga ukuthi lizovuma yini? Ingabe izogcina ingenile yini inkomo esibayeni? Qagela ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 10

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza**, "Lamsiza yini ibhubesi? Ingabe usezokwenzenjani manje umfana? Ucabanga ukuthi yini azoyicela manje ukuthi imsize? Qagela ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 11

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza**, "Ucelani umfana manje? Ucela ukuthi simsize kanjani isihlahla? Ucabanga ukuthi sizovuma yini? Ingabe izogcina ingenile yini inkomo esibayeni? Qagela ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 12

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza**, "Samsiza yini isihlahla? Ingabe usezokwenzenjani manje umfana? Ucabanga ukuthi yini azoyicela manje ukuthi imsize? Qagela ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 13

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza**, "Ucelani umfana manje? Ucela ukuthi umsize kanjani umlilo? Ucabanga ukuthi uzovuma yini? Ingabe izogcina ingenile yini inkomo esibayeni? Qagela ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 14

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza**, "Wamsiza yini umlilo? Ingabe usezokwenzenjani manje umfana? Ucabanga ukuthi yini azoyicela manje ukuthi imsize? Qagela ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 15

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza**, "Ucelani umfana manje? Ucela ukuthi amsize kanjani amanzi? Ucabanga ukuthi azovuma yini? Ingabe izogcina ingenile yini inkomo esibayeni? Qagela ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 16

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza**, "Amsizile yini amanzi? Ingabe usezokwenzenjani manje umfana? Ucabanga ukuthi yini azoyicela manje ukuthi imsize? Qagela ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Basize bakwazi ukuphendula imibuzo emayelana nendaba.

Sithini isihloko sendaba? Sithi 'Inkomo nesibaya'.

Sithini isisusa sendaba? Inkomo yayingafuni ukungena esibayeni.

Ubani umlingiswa osemqoka? umfana.

Yenzeka nini lendaba? Ngenkathi yamanje.

Umsebenzi

Phendula imibuzo emayelana nendaba.

Imibuzo	Izimpendulo
Sithini isihloko sendaba?	
Sithini isisusa sendaba?	
Ubani umlingiswa osemqoka?	
Yenzeka nini lendaba?	

Esifundweni sesi-5

- Bakhumbuze isihloko sencwadi **'Inkomo nesibaya'** nesu leminwe emihlanu.

Vula ikhasi 16

- **Buza,** "Sigcine kwenzakalani? Umfana wayecele ini ukuthi imsize? Ingabe amsiza yini amanzi? Qagelani ukuthi sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 17

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza**, "Ucelani umfana manje? Ucela ukuthi imsize kanjani indlovu? Ucabanga ukuthi izovuma yini? Ingabe izogcina ingenile yini inkomo esibayeni?
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Imsizile yini indlovu? Ingabe usezokwenzenjani manje umfana? Ucabanga ukuthi yini azoyicela manje ukuthi imsize? Qagela ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 18

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza**, "Ucelani umfana manje? Ucela ukuthi imsize kanjani intuthwane? Ucabanga ukuthi izovuma yini intuthwane? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 19

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza,** "Hayi bo! Ithini intuthwane? Ingabe izomsiza njengoba ibuza kanje?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Uzoyiphani intuthwane umfana? Ingabe izovuma yini ukumsiza? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 20 ne-21

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza,** "Ingabe iyamsiza intuthwane? Ukwenzani ukusuka izithonto? Ingabe izokwenzenjani indlovu uma izwa ilunywa intuthwane ekhaleni?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza,** "Hayi bo yenzani indlovu? Amanzi wona enzani? Umlilo wona wenzani?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza,** "Senzani isihlahla uma sizwa ukusha? Ibhubesi lona lenzani uma lizwa isihlahla siwela kulo? Ingungumbane yona yenzani uma izwa ibhubesi ligxumela kuyo?
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza,** "Yenzani inja uma izwa ihlatshwa ameva engungumbane? Ikati lona lenzani uma lilunywa inja?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Lenzani igundane uma lizwa ikati lilibamba? Intambo yona yenzani uma izwa iqugudwa igundane? Ekugcineni inkomo yangena yini esibayeni?"
- **Chaza,** "Intambo yabopha inkomo njengoba ayeyicelile umfana. Umbhali wencwadi akabange esasho ukuthi intambo yona yenzani emuva kokuzwa iqugudwa igundane."
- Buza, "Qagela ukuthi isiphelile yini inganekwane? Ingabe sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 22

- **Akufunde omunye umfundi** umusho owodwa.
- **Buza,** "Isifundisa ukuthini lenganekwane?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Hawu isiphelile? Yini enye ebingenzeka emuva kokuthi kwenzeke lokho umfana ebekufuna? Wayefunani umfana?"
- **Akufunde bonke abafundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza,** "Ingabe ibimnandi le nganekwane? Yini oyithandile kakhulu?"
- **Yisho,** "Sizogcina la namuhla. Siyoqhubeka ngesikhathi esizayo sidlale umdlalo ngendaba."

Basize abafundi bakwazi ukuphendula imibuzo yesifundo sokuqondisisa.

1. **Isiphetho esinjani lesi salenganekwane?** Isiphetho esimnandi ngoba indaba iphele sekwenzekile lokhu umfana ebekufuna.
2. **Yini eyasiza umfana?** Intuthwane.
3. **Kungani yamsiza intuthwane umfana?** Yingoba wayithembisa ithambo lenkukhu.

4. **Sithini isifundo senganekwane?** Akufanele uncengwe ngento ethile uma uthunywa/ Kuhle ukusiza omunye umuntu uma ukwazi ukumsiza.
5. **Zilandelana kanjani izinto azicela umfana?** 1. Intambo 2. Igundane, 3. Ikati, 4. Inja, 5. Ingungumbane, 6. Ibhubesi, 7. Isihlahla, 8. umlilo, 9. Amanzi, 10. Indlovu, 11. Intuthwane.

Umsebenzi

Phendula imibuzo emayelana nendaba.

Imibuzo	Izimpendulo
1. Isiphetho esinjani lesi salenganekwane?	
2. Yini iyasiza umfana?	
3. Kungani yamsiza intuthwane umfana?	
4. Sithini isifundo senganekwane?	
5. Zilandelana kanjani izinto azicela umfana?	

Esifundweni sesi-6

Bakhumbuze isihloko sendaba kanye nokulandelana kwezigameko.

- **Yisho,** "Namuhla kudlalwa umdlalo ngendaba."
- **Buza**, "Obani abazoba abalingiswa, umfana nenkomo?"
- **Buza,** "Obani abazoba 1. Intambo 2. Igundane, 3. Ikati, 4. Inja, 5. Ingungumbane, 6. Ibhubesi, 7. Isihlahla, 8. umlilo, 9. Amanzi, 10. Indlovu, 11. Intuthwane?"
- **Buza**, "Ubani ozoxoxa indaba, uKuku?"
- **Yisho,** "Abanye bazoba abaxoxelwa inganekwane."

Awuqaleke umdlalo. Basize uma bengasakhumbuli ukulandelana kwezigameko.

Umsebenzi

Phendula imibuzo elandelayo.

Imibuzo	Izimpendulo
Ubani umlingiswa osemqoka?	
Sifundo sini esisithola kulendaba?	
Obani abanye abalingiswa?	
Yini isisusa sendaba?	
Yini isiphetho sendaba?	
Sithini isihloko sendaba?	